

## **KZN Eyethu, 24 January 2018 online**

Ezengqungquthela yezomnotho eSwitzerland

Izakhamuzi zeNingizimu Afrika sezizwakalise imbono yazo ezinkundleni zokuxhumana ngendlela uNgqongqoshe wezeziMali kuleli agqoke ngayo engqungqutheleni eqhubekayo ezweni lase Davos, eSwitzerland, iWorld Economic Forum (WEF).

Kule ngqungquthela, ithimba lakuleli liholwa nguSekela Mengameli wezwe ophinde abe ngu Mengameli we-ANC, uCyril Ramaphosa, ehambisana nabanye ongqongqoshe, owe-Presidency for Planning, Monitoring, and Evaluation uJeff Radebe; i-Economic Development uEbrahim Patel; owe-Trade and Industry uRob Davies; owe-Public Works Minister Nkosinathi Nhleko; kanye nowe-International Relations and Co-operation uMaite Nkoana-Mashabane.

Ezithombeni ezifakwe kwi khasi le-South African Government ku Twitter, kubonakala uGigaba no Nkoana-Mashabane begqoke izimpahla zokuphumula, hhayi amasudi nothayi. Abantu bakuleli bazwakalise imibono yabo, bagxeka laba ongqongqoshe ngokungaqqoki ngendlela ezobeka izwe lethu kahle.